



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
YOKWETHULA UHLELO LWEZOKUPHEPHA EMGWAQENI NGEPHASIKA
MHLAKA 11 MARCH 2008.**

Ngibanibingelela

- ? UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhlale uqinisa ezokuphepha emgwaqeni amahora angu-24 ngosuku, izinsuku ezingu-7 ngeviki nezinsuku ezingu-365 ngonyaka. Kodwa kubalulekile ukuthi kuqiniswe kakhulu imikhankaso ngezikhathi ezithile zonyaka lapho kuba nesibalo esikhulu sezimoto emgwaqeni.

- ? Isikhathi samaholide ePhasika singesinye salezo ezinomthamo omkhulu wezimoto emigwaqeni yethu. Ezokuphepha emgwaqeni zibekwe phambili kuhulumeni wethu.

- ? Izwe lethu alikwazi ukuqhubeka nokulahlekelwa ngabantu abaningi kangaka abanye balimale kanzima nsuku zonke. Akukona nje ukuthi kubuhlungu ngendlela engachazeki kwabalimele nasemindenini yabashonile, kodwa kunemali engaphezulu kuka-R43 billion elahlekela leli lizwe minyaka yonke.

- ? Minyaka yonke sibona izimo ezinyantisa umzimba. Siyakwazi sonke lokho. Siyazi sonke ukuthi sidinga ukubamba iqhaza ngokushesha njengoba akekho osizakalayo ngalesi simo. Kodwa siyazi futhi ukuthi kungumthwalo wabasebenzisi bomgwaqo ukuqinisekisa ukuthi ziyancipha izingozi zomgwaqo.

- ? NgePhasika elidlule silahlekelwe ngabantu abangu-315 eNingizimu Afrika kanti abangu-41 babo bashone KwaZulu-Natal. Abashayeli abangu-9, abagibeli abangu-11 nabahamba ngezinyawo abangu-21.

- ? Emkhankasweni wethu wokuqinisa ezokuphepha ngamaholide ePhasika, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngokuhlanganyela nezinhlaka esisebenzisana nazo uzokwenza uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni oludidiyele.

- ? Umkhankaso wethu we-Operation Juggernaut ususebenze kakhulu kulezi zinyanga ezimbili ezedlule ukuqinisa ukugcinwa komthetho ezimotweni ezinkulu, amabhasi nama-mini-bus ngendlela eqinisekisa ukuphepha kwabasebenzisa imigwaqo yesifundazwe. Kuze kube manje sekumiswe izimoto ezingu-61175. Ezingu-674 kulezo zimoto zikhishiwe emgwaqeni.

? Amanye amacala atholakale kulo mkhankaso ami kanje:

1. 22 501 – izimoto ezifakwe esikalini, ezingu-1599 zazo bezilayishe ngokweqile.
2. 1395 – eziboshelwe amathayi angekho esimweni.
3. 607 – eziboshelwe amabhuleki angekho esimweni.

? Ababoshiwe:

1. 30 x abashayela bedakiwe
2. 2 x abangenazo izincwadi zokushayela
3. 7 x ijubane
4. 29 x abalayisha ngokweqile
5. 3 x abashayela budedengu
6. 27 x abangenawo amaphemithi okusebenza
7. 114 x asebekhishelwe izincwadi zokuboshwa
8. 5 x abanemininingwane engelona iqiniso.

? Kafushane nje, iziphathimandla zomgwaqo kuzwelonke, esifundazweni nakomasipala zizoqinisa kulokhu ngesikhathi sePhasika:

1. Project Blue Light – Zonke izimoto zamaphoyisa zizohamba namalambu aluhlaza uma isimo sezulu sisibi nasebusuku
2. Lights on Campaign – Sigqugquzela abashayeli ukuthi bashayele bekhanyise amalambu.
3. Operation Vuka – Lapha kubhekwa izimoto ezinkulu nabashayeli. Kubhekwa noma yini ephathelene nemoto nomshayeli.
4. Sector Policing – Lapha sifuna kube namaphoyisa aqaphe isimo kuN3 njalo ebangeni elungu-20 km kuya ku-30 km kusuka eVan Reenen Pass kuya eThekwini.
5. Operation Nil – Abashayeli bamabhasi kumele baholwe utshwala bengakaphumi edephu.

6. Operation Thatha and Phepha –Ndoda – Lapha sibopha abahamba ngezinyawo lapho kungafanele emgwaqeni.
 7. Operation Yehla Kancane noThath ' isikororo – Iona umkhankaso oqhutshwa yi-Public Transport Enforcement Unit.
- ? Siyakuqinisekisa ukuthi asihleki nhlobo kulabo abaphula imitheho yomgwaqo. Ungathi awuxwayiswanga, uma uphambana nomthetho nawo uzobhekana nawe ngqo.
- ? Sengiphetha, nizokhumbula ukuthi ngamaholide kaKhisimusi odlule besinomkhankaso onzima wokufundisa nokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni siqinisa izindlela zokuxhumana nokuthi kuguqulwe imiqondo yabahamba ngezinyawo. Besisebenzisana nosaziwayo njengoDJ namaqembu ebhola eniwathandayo abasisiza ukusabalalisa umyalezo wokuphepha emgwaqeni.
- ? Namanje futhi sesizohambela amaBandla ehlukeni sixoxisane namalungu ngezinto ezithinta ukuphepha emgwaqeni. Sizohambisana namanxusa ezokuphepha emgwaqeni aqhamuka kwezenkolo. Lolu hlelo akulona olwePhasika kuphela, kuzokuba uhlelo lonyaka wonke.
- ? Ekugcineni, masiqhubeke sisebenze sithandaze ngokuhlanganyela sinxuse ukuthi iNingizimu Afrika iphephe, kwehle ubugebengu nezingozi zomgwaqo.

Ngiyabonga